## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

### UMBUZO 1

**Ukumakwa Kwesifundo Sokuqondisisa:**

Kulesi sigaba kugxilwe ekutheni umfundi uyakuqonda yini akufundile, ngakho uma sekumakwa abafundi akumele baphucwe amamaki ngamaphutha opelomagama kanye nawo limi.

Emibuzweni evulekile abafundi akumele banikwe amamaki ngempendulo ethi **YEBO** noma **CHA**. Abafundi bayonikwa amamaki ngokusekela kwabo.

Emibuzweni evulekile abafundi akumele banikwe amamaki ngempendulo ethi **IQINISO/AMANGA** noma **IQINISO/UMBONO**. Abafundi bayonikwa amamaki ngokusekela kwabo.

Uma umbuzo udinga ukuphendulwa ngegama elilodwa, umfundi aphendule ngomusho ophelele kumele anikwe amamaki uma nje igama okuyilona eliyimpendulo lidwetshelwe.

Uma umbuzo udinga ukuphendulwa ngamaphuzu amabili noma amathathu, umfundi yena anikeze angaphezulu. Kufanele kumakwe awokuqala amabili noma amathathu adingekayo.

Uma umfundi esebenzise igama elingolunye ulimi okungelona ahlolwa ngalo kodwa ukusetshenziswa kwalelo gama kungawulahli umqondo womusho, umfundi akangaphucwa imiklomelo. Uma umfundi esebenzise igama lolunye ulimi kodwa lelo gama vele bekumele alisebenzise umfundi kumele angaphucwa amamaki.

Ulimi olwahlukile lwezigodi/lweziFundazwe kumele lwamukelwe/lubhekelelwe nalo.

Emibuzweni okukhethwa kuyona izimpendulo (multiple-choice) kumele kwamukelwe iletha ehambisana nempendulo efanele kuphindwe kwamukelwe nempendulo ebhalwe ngokugcwele.

DEPARTMENT OF BASIC EDUCATION
2014 -11- 07
PRIVATE BAG X 110
PRETORIA 0001
PUBLIC EXAMINATIONS

DEPARTMENT OF BASIC EDUCATION
2014 -11- 07
PRIVATE BAG X 110
PRETORIA 0001
PUBLIC EXAMINATIONS

1.1 1.1.1 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Imfundo.
- Umshado.
- Impilo engcono.
- Abantwana.
- Izikhundla eziphezulu.

(2)

1.1.2 Ukuthi abasichithi isikhathi esanele nemindeni yabo. (1)

1.1.3 Ukuhluleka ukuzibambela mathupha/Ukuhluleka ukuzenzela. (1)

1.1.4 Uyamhlonipha/B. (1)

1.1.5 Ukukhuluphala **kuyanconywa** kakhulu kulezi zinsuku/kuyatuswa. (1)

1.1.6 (a) Sekuntambama/Sekuyahlwa/Seliyoshona. (2)
(b) Ukuzenzela wena uqobo/ukungathumeli. (2)
(c) Uyovuka kuqala kunawo wonke umuntu. (2)

1.1.7 Izimpendulo ziyokwehluka. Nasi isibonelo somusho ongalindeleka:

Chitha lolo bisi ngoba selonakele. (2)

1.1.8 Kuguga othandayo esikhathini samanje/Kulezi zinsuku akekho ofuna ukubukeka egugile. (2)

1.1.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Ngabakufuna konke empilweni.
- Ngabavocavoca imizimba yabo.
- Abakwazi ukwenza izinto eziningi ngesikhathi esisodwa.
- Ngabafundile.
- Ngabanezikhundla eziphezulu emsebenzini.
- Abangafuni ukuguga.
- Abalungisa amakhanda,izinzipho,nabangena ezinkundleni zokuxhumana.

(2)

1.1.10 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Ngoba sebethola izikhundla eziphezulu emsebenzini.
- Ngoba sebekwazi ukuzimela.
- Ngoba babamba iqhaza elifana nelobaba kwezomnotho.
- Ngoba bayaqhubeka nemfundo yabo.

(3)

1.1.11 Umbono. Baningi obaba ababamba iqhaza ekukhuliseni abantwana babo. (3)

1.2 1.2.1 UBona. (1)

1.2.2 Iphuzu elilodwa kwalandelayo:

- Ifenisha.
- Izimpahla zikagesi. (1)

1.2.3 Isifo sikashukela/C. (1)

1.2.4 Iphuzu elilodwa kwalandelayo:

- Izinwele zokufakelwa.
- Amashiya acwecwiwe.
- Ubuhlalu/Umgexo. (1)
- Ugcobe umlomo.
- Ufake amacici esimanje.
- Indlela agqoke ngayo.

1.2.5 Kungabalungiselela ngezinselelo abazobhekana nazo uma sebefika eNyuvesi/kungabagqugquzela ukuthi baphase ibanga le-12. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

DEPARTMENT OF BASIC EDUCATION
2014 -11- 07
PRIVATE BAG X 110
PRETORIA 0001
PUBLIC EXAMINATIONS

DEPARTMENT OF BASIC EDUCATION
2014 -11- 07
PRIVATE BAG X 110
PRETORIA 0001
PUBLIC EXAMINATIONS

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2

**Ukufingqa kumele kumakwe ngale ndlela:**

**Ukwabiwa Kwamamaki:**

- Amaphuzu ayisi-7- Amamaki ayisi-7.
- Ulimi- Amamaki ama-3.

Amamaki Esewonke: **[10]**

Ukwabiwa kwamamaki uma abafundi bengacaphunile okusesiqeshini:

- Iphuzu eli-1 kuya kwama-3: imaki eli-1
- Amaphuzu ama-4 kuya kwama-5: amamaki ama-2
- Amaphuzu ayisi-6 kuya kwayisi-7: amamaki ama-3

**Ukubalwa Kwamagama:**

- Abamakayo kulindeleke ukuthi babale inani lamagama asetshenzisiwe.
- Awekho amamaki asuswayo uma umfundi engalibhalanga inani lamagama asetshenzisiwe noma elibhalile kodwa kungesilona.
- Uma inani lamagama asetshenzisiwe leqiwe, omakayo kumele afunde amagama amahlanu ngaphezu kwesibalo esinqunyiwe angabe esakunaka okunye okuza emva kwalokho. Indaba efingqwe ngamagama angaphansi kwenani elibekelwe ibe inawo wonke amaphuzu abalulekile ayiphucwa amamaki.

| **Nanka Amaphuzu Abafundi Bafingqele Phezu Kwawo:** | |
|---|---|
| 1. | Umfundi kumele ahlele ngendlela efanele umsebenzi wonyaka wonke. |
| 2. | Kubalulekile ukuthi umfundi azakhele uhlelo lwakhe lokutadisha ukuze abele zonke izifundo isikhathi esanele. |
| 3. | Kuyasiza ukuthi abafundi basebenze ngamaqembu. |
| 4. | Kubalulekile nokuthi abafundi babheke amaphepha eminyaka edlule ukuze babone indlela imibuzo engase ibuzwe ngayo. |
| 5. | Umfundi kumele adle ngendlela enempilo uma ebhala izivivinyo. |
| 6. | Umfundi obhala ukuhlolwa kokuphela konyaka kumele anciphise isikhathi asichitha kumabonakude, umakhalekhukhwini kanye nabangani |
| 7. | Kuhle ukuthi umuntu avocavoce umzimba ukuze angakhathali. |

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

DEPARTMENT OF BASIC EDUCATION
2014 -11- 07
PRIVATE BAG X 110
PRETORIA 0001
PUBLIC EXAMINATIONS

### UMBUZO 3

3.1 Izinto EZIMBILI kwezilandelayo:

- Amakamelo amakhulu okulala.
- Ikhishi.
- Indlu yokuphumula. (2)

3.2 Phuthuma/Ungaphuthelwa. (1)

3.3 Umuntu ohlala emzini awukhokhelayo kube kungewona owakhe/umuntu oqashile. (2)

3.4 Olukhohlisayo/A. (1)

3.5 Ukuheha abathengi/ukugqamisa okukhangiswayo/ukukhombisa ukuthi yini ekhangiswayo. (2)

3.6 Ngoba akayidingi impendulo/ngoba uzama ukukhumbuza abathengi into vele abayaziyo. (2)
**[10]**

### UMBUZO 4

4.1 Ukubhala izivivinyo/ukuhlolwa. (1)

4.2 Akakulungele ukubhala izivivinyo/akafundisisanga. (1)

4.3 Ngiyazi baba angifundisisanga, kodwa ng**i**yakudinga uk**u**phasa. (1)

4.4 Uyamhleka/D. (1)

4.5 Udadewethu/Usisi. (1)

4.6 Uyathandaza/Uyakhuleka/Uyacela kuBaba ukuphasa. (1)

4.7 Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:

- Uhlobo lwesikole: (Esabafana namantombaza ne[co-educational] esabantu abaMnyama kuphela, esabadala.
- Indlela abafundi abagqoke ngayo.
- Ukuziphatha kwabafundi.
- Udonga amadeski. (2)

4.8 Izimpendulo ziyokwehluka. Abafundi kumele besekele izimpendulo zabo:

- Cha, ngoba umuntu uphasa uma efundisisile umsebenzi wakhe.
- Yebo, ngoba ukuthandaza kuyakunika ithemba lokuthi ungaphasa. (2)
**[10]**

## UMBUZO 5

5.1 5.1.1 **Aku**vamisile/**Akuvamanga** ukuthi uma umuntu ebanjwe entshontsha **angaphiki**. (2)

5.1.2 Nina enimbonile nisala nisenkingeni/nisezinkingeni. (2)

5.1.3 Izimpendulo ziyokwehluka. Nasi isibonelo somqondo olindelekile emushweni:

Isokisi likaSanele akumele ukuthi ngabe usaligqoka ngoba linezambane elikhulu. (2)

5.1.4 Ukuqamba amanga/A. (1)

5.1.5 Umuntu ontshontshile kumele ajeziswe **ngoba** uphula umthetho. (1)

5.1.6 Ngaleyo **ndledlana** kugcina sekudaleke amacala amaningi/ndlel**ana** (2)

5.1.7 U**zo**zwa ngokukhuluma ukuthi u**zo**qamba amanga. (2)

5.1.8 Uzwa ngokukhuluma abe namalimi sengathi udla izambane elishisayo ukuthi usephelile uvalo. (2)

5.2 5.2.1 Imizwa yokujabula/yokuhlabana/yokunqoba/yempumelelo. (1)

5.2.2 Abaphansi banami/Ngadla mina kababa! (1)

5.2.3 Ulimi lokwedelela/lokweyisa/lukuchwensa/lokubukela phansi. (2)

5.2.4 Kungcono ukuba nezingane zamantombazane ngoba uthola imali noma izinkomo uma zilotsholwa/abafana bayizindleko. (2)

**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**

**AMAMAKI ESEWONKE: 80**

DEPARTMENT OF BASIC EDUCATION
2014 -11- 07
PRIVATE BAG X 110
PRETORIA 0001
PUBLIC EXAMINATIONS